# UHLELO LWABAKWA-SARS LWESIMO ESIPHUTHUMAYO NGESITELEKA SAMABHANGE

**Pretoria, 24 kuMandulo 2019 -** Kulandela isitatimende esakhishwa uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) ngoMsombuluko, mhla zingama-23 kuMandulo 2019, sifisa ukwazisa abakhokhintela nabahwebi ngokuthi uma kwenzeka siqhubeka isiteleka njengokusho kwezinyunyana zamabhange, zikhona izinhlelo zezimo eziphuthumayo ezibekelwe ukuthi zibhekane nomthelela omubi ongase ubangwe yilesi siteleka.

Bonke ababambiqhaza bakhipha izinhlelo zokuqinisekisa ukuthi ukuthikamezeka osizweni lwakwa-SARS kuba kuncane. Ngalokhu-ke, abakwa-SARS bazosebenzisana nabo bonke abanendima abayidlalayo ukugwema nakuphi ukuphazamiseka ohlelweni lwezimali zezwe.

Ngesikhathi salesi siteleka, sicela abakhokhintela nabahwebi babekezele futhi babe nokusiqonda isimo esikhona. Uma kukhona eminye imibuzo umkhokhintela anayo, sicela axhumane ne-SARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 7277.